# PROCLAMATION NOTICES • PROKLAMASIE KENNISGEWINGS

## PROCLAMATION 119 OF 2023

THE PRESIDENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

*by the*

***President of the Republic of South Africa***

**TRANSFER OF ADMINISTRATION AND POWERS AND FUNCTIONS ENTRUSTED BY LEGISLATION TO CERTAIN CABINET MEMBERS IN TERMS OF SECTION 97 OF THE CONSTITUTION**

In terms of section 97 of the Constitution of the Republic of South Africa, 1996, I hereby transfer the administration and powers and functions entrusted by the specified legislation, and all amendments thereto, to the specified Cabinet member as set out in the Schedule in English and isiZulu with effect from the date of publication of this Proclamation in the *Gazette*.

Given under my Hand and the Seal of the Republic of South Africa at ..Pretoria...
this..06.... day of ....April........, Two Thousand and Twenty Three.

**President**

By Order of the President-in-Cabinet:

**Minister of the Cabinet**

## SCHEDULE

With respect to the Department of Planning, Monitoring and Evaluation, the powers and functions entrusted by the Public Service Act, 1994 (promulgated under Proclamation No. 103 of 1994), mentioned in column 1 of the table below, to a Cabinet member as executive authority of that department mentioned in column 2 of the said table, are transferred to the Cabinet member mentioned in column 3 of the said table.

### PLANNING, MONITORING AND EVALUATION

| Column 1 | Column 2 | Column 3 |
|---|---|---|
| **Powers and functions under the Public Service Act, 1994** | **Previous Cabinet member** | **New Cabinet member** |
| All powers and functions of the executive authority of the Department | Minister in The Presidency | Minister in The Presidency responsible for Planning, Monitoring and Evaluation |

**ISIMEMEZELO**

***sikaMongameli weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika***

**Inombolo , 2023**

**UKUDLULISELA UKUPHATHA NAMANDLA KANYE NEMISEBENZI ENIKEZWE UMTHETHO KUMALUNGU ATHILE EKHABHINETHI NGOKWESIGABA SAMA-97 SOMTHETHOSISEKELO.**

Ngokwesigaba sama-97 soMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, we-1996, ngalokho-ke ngidlulisela ukuphatha namandla kanye nemisebenzi enikezwe umthetho obaluliwe kanye nazo zonke izichibiyelo zawo, ngikudlulisela elungeni leKhabhinethi elibaluliwe njengoba kubekiwe kwiSheduli ngesiNgisi kanye nesiZulu kusukela ngosuku lokukhishwa kwalesi siMemezelo kwiGazethi.

*Sikhishwe ngaphansi kweSandla sami kanye noPhawu lweRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika e-* Pitoli *.......... ngomhlaka ..........* 06 *..............enyangeni ka-* uMbasa *WeziNkulungwane eziMbili namashumi amabili nantathu.*

**UMongameli**

Ngomyalo kaMongameli weKhabhinethi:

**UNgqongqoshe weKhabhinethi**

2

## ISHEDULI

Maqondana noMnyango Wezokuhlela, Ukuqapha kanye Nokuhlola, amandla nemisebenzi enikezwe uMthetho Wezemisebenzi Kahulumeni, we-1994 (owamenyezelwa ngaphansi kwesiMemezelo 103 se-1994), okukhulunywe ngawo kwikholamu 1 yethebula elingezansi, kwilungu leKhabhinethi njengesiphathimandla esiphethe salowo mnyango okukhulunywe ngawo kwikholomu 2 yethebula elishiwo, adluliselwe kwilungu leKhabhinethi okukhulunywe ngalo kwikholamu 3 yethebula elishiwo.

### UKUHLELA, UKUQAPHA KANYE NOKUHLOLA

| Ikholamu 1 | Ikholamu 2 | Ikholamu 3 |
|---|---|---|
| **Amandla kanye nemisebenzi ngaphansi koMthetho Wezemisebenzi Kahulumeni, we-1994** | **Ilungu langaphambilini leKhabhinethi** | **Ilungu elisha leKhabhinethi** |
| Wonke amandla nemisebenzi esiphathimandla esiphethe soMnyango | Ungqongqoshe eHhovisi likaMongameli | UNgqongqoshe eHhovisi likaMongameli obhekelele Ukuhlela, Ukuqapha kanye Nokuhlola |